# UMNYANGO WEZEMPILO USEBENZISANA NABALAPHI BENDABUKO

Kusezingeni eliphezulu ukusebenzisana okuhle phakathi komnyango wezempilo nomasipala waseMlalazi. Ngomhlaka 16 ku November 2017, umasipala waseMlalazi wamema bonke abalaphi bendabuko ngaphansi kukamasipala ngenhloso yokucobelelana ngolwazi nangokukhuthaza ukusebenzisana phakathi komnyango wezempilo okuyizibhedlela ,imitholampilo Kanye nabo abalaphi bendabuko.

Ngalolusuku "Omakhosi" okungabalaphi bendabuko babegida umgido wabo bebonga ubudlelwano obukhona kubo nabezempilo. Abezempilo bona babekhuthaza abalaphi ukuba uma isiguli sifika kubo njengabalaphi bendabuko, sikhombisa izimpawu zesifo sofuba okungaba ukukhwehlela, ukujuluka ebusuku, ukuncipha emzimbeni nokunye ukuba lowo muntu mabamdlulisele esibhedlela. Baphinde bakhunjuzwa futhi ukuthi isifo se Ngculaza negciwane laso sona ayikho indlela yokubona umuntu onaso ngaphandle kokuthi umuntu ahlolwe abezempilo, kanjalo bakhuthazwa ukuba babadlulisele esibhedlela noma emtholampilo abantu ukuze bazazi isimo sabo. Baphinde bafundiswa nangokugwema ukuthelelana kwezifo uma besebenza izifo ezidinga ukwelashwa ngokusika umuntu (ngokugcatshwa) nangokuzivikela kwabona.

Abalaphi nabo banekomidi labo ngaphansi kukamasipala nokwenza kube lula ukusebenzisana nabo njengoba lin sihlalo.



**SK Maphumulo nabalaphi bendabuko emcimbini wabo owawuhlelwe umasipala waseMlalazi**

Umcimbi wabo wawuhanjelwe abezempilo okuyisibhedlela saseShowe, i Cathetherine Booth Hospital Kanye noMeya kaMasipala waseMlalazi okungu Mnu. Zulu nowayeyisikhulumi. UMeya wahlabisa abelaphi ngeziklabhu ezimbili ezahlatshwa khona enkundleni yibo abelaphi ngokwesiko labo zadlelwa khona.

# Ukungabi bikho kwezinqala sizinda kuphazamisa ukusebenza




Unesi engasakwazi ukuwelela ngaphesheya ukuyojova abe TB

Isibhedlela sisebenza imiphakathi esezindaweni zasemakhaya. Kunophiko lwabasebenzi abathungatha iziguli ezingasayilandi imishanguzo yazo ikakhulukazi eye TB neyisifo esithelelanayo ukugwema ukubhebhethekisa lesisifo emiphakathini. Lelithimba liphinde lijove iziguli ezinesifo sofuba emakhaya. Kuba nzima-ke ukufinyelela kweminye imizi enabantu abajovayo uma kuke kwaba khona izimvula ngenxa yezinqala sizinda. Imigwaqo ivalwa ngamanzi kungadluleki ukuya emizini engaphesheya nokuphoqa ukuba kuhanjwe ngezindlela ezijikelezayo ukufika kuleyomizi okanye kucelwe iziguli ukuba beze emitholamipilo eseduzane ukuze zizojova.

## KUBONGWA BONKE ABANIKELA NGEGAZI

**Uphiko lwabanikelisa ngegazi (SANBS) ubonga bonke abantu abanikela ngegazi ikakhulukazi laba abangabaxhumanisi nabagqugquzela abantu ezindaweni zabo. Emcimbini owawuseCasino Hotel ngolweSihlanu ngomhlaka 01/12/2017, kwabongwa kwaphinde kwaklonyeliswa izikhungo ezinikele kahle noma ngegazi eliningi okubalwa kuzo izibhedlela, izikole, amahholo nezinye izindawo. Noma ubani ofisa ukunikela ngegazi esibhedlela Catherine Booth Hospital, angaxhumana no Nompilo Xaba**



# COMMEMMORATION OF WORLD AIDS DAY

**"Wonkumntu makazazi isimo sakhe sezempilo"**

World Aids day was commemorated with the theme of healthy life style in the hospital. The day should have begun with a walk from the hospital main gate to Ezingwenya Community and back to the hospital which is about +/- 5 km . The weather was against our plans but that did not ruin the planned campaign. The rainy weather forced a change of plans. The day then began with aerobics which was done as part of healthy life style that is encouraged to everybody. Community and patients in Out Patient Departments attended the event.

Sister Jackson, the Operational Manager of ART/Programmes Unit explained the purpose of the day. She encouraged everybody to know his/her status. She further explained that testing for HIV is now part of checking vital signs e.g. BP, Weight, Height and sugar diabetes. "It is the responsibility of every health worker who sees/attends the patient with file to check if patient is tested for HIV in the hospital.



**Staff and community member with different messages on fight against HIV**



Candle lighting led by Sr L.D. Manqele in commemoration of Aids Day




Aerobic session as part of the promotion of Healthy lifestyle

# 16 DAYS OF ACTIVISM CAMPAIGN

With the theme “Count Me In: Together Moving a Non-Violent South Africa Forward”, on 05 December 2017 Catherine Booth Hospital human capitals walked within the hospital from Out Patient Departments (OPD) to Multi Drug Resistant (MDR) section singing songs against women and child abuse as part of the 16 days of activism campaign.

Walk was led by Mrs Samkelisiwe Ngubane the Social Worker of Catherine Booth Hospital and was joined by patients in OPD and ART. She then delivered a speech on 16 Days of Activism in OPD where community gathered. People were advised to sort out their differences peacefully at home to avoid violence at home . She further explained that if a woman is ill-treated at home, she then takes her anger out to her child which can be regarded as child abuse. People were encouraged to report any type of violence/abuse that they notice in the community in order to protect women and children.

“Real Men Don’t Abuse Women”




Walk against Women and Children Abuse in the hospital on 05 December 2017






“Sisonke Masivikele Abesifazane Nezingane, sibike ukuhlukumezeka esikubona emphakathini”

# OUR BOARDROOM IS UPGRADED

**New Screen with video conferencing kit is installed in the boardroom replacing the projector used during presentations!!!!!**

**Nawe CBH Awumncinyane !!**






**No more projector, but it can be used as a backup ....**




## MESSAGE FROM THE CEO'S OFFICE

The year has come to an end, there were lots of hiccups and achievements in the work place. This is due to the positive effort and dedication of all staff members who works tirelessly despite of the challenges of staff shortage and others.

The functioning of the Public Relations Office depends merely on the positive attitude from staff. I would like to thank all staff members for their positive attitude towards patients care as we are receiving positive response from our clients regarding patients care. Teamwork is much appreciated. I wish you all a Merry Christmas and a prosperous New Year. May all those who will be going on leave, enjoy yourselves with your loved ones and family members, remember to be safe at all times.

All the Best for 2018



**Ms T.R Vezi—CEO**

***Please tell us your experience, Verbally, Telephonically or in Writing (Suggestion boxes are placed at strategic points within the hospital and clinics) or you can phone us on (035) 474 8407 / e-mail Nompilo.Xaba@kznhealth.gov.za***



Ms N Mhlongo ekhuluma emcimbini ngomhlaka 6/12/2017

**Kwezinye zezihambeli zomgubho wosuku lwe World Aids Day kwakungu Ms N Mhlongo owakhuthaza abaphila negciwane ukuba basengawafeza amaphupho abo; Uma nje belandela imiyalo yabezempilo nokuzinakekela**

## ABAFANA BASE CBH BAKHALA BEMUKA NESICOCO SE TOURNAMENT BEHLULA 8 WAMA TEAM




Abafana base CBH (Ezika Skara) bakhala bemuka nendondo emdlalweni we Phila Ndoda Wellness owawusingathwe uMasipala waseMlalazi ngoMgqibelo zingu 01 December 2017 eShowe Sunydale Sports Field. USkara ongukaputeni weqembu lesibhedlela waqokwa njenge Man Of The Match Kanye ne Player of the Tournament kulemidlalo. Echaza uSkara wathi bajabule ukuthola lesicoco kwazise bashaya esinye sezibhedlela esihlale simuka nendondo emidlalweni.

"Yithina esizo "Hoster" emidlalweni elandelayo" kuchaza uSkara ngenkulu injabulo.

# EZASENSINGWENI

## MUSANI UKUBHONYA IZINGANE NGOBA NIHLULWA UKUXAZULULA IZINKINGA EMAKHAYA




Mrs S.P. Ngubane (uSonhlalakahle) ekhuluma nomphakathi waseNsingweni

Umkhankaso wokulwisana nokuhlukunyezwa kwezingane nabantu besifazane waqhubeka nasemitholampilo lapho usonhlalakahle ayehambe ekhuthaza abantu ngokungathuli uma kunezimo zokuhlukumezeka. Ekhuluma nomphakathi waseNsingweni naseGingindlovu emitholampilo, uSonhlalakahle wesibhedlela uMrs Samkelisiwe Ngubane, wayala abazali ukuba bafunde ukuxoxisana kahle emakhaya uma kunezinkinga ngoba uma umzali ehlukumezekile, ubese ekhiphela ukucasuka kwakhe ezinganeni. Lokho kusuke sekungukuhlukumeza izingane




Abasebenzi baseNsingweni Kanye nomphakathi

## KUQWASHISWA INTSHA NGE SANDULELA NGCULAZI NEZIDAKAMIZWA ENSINGWENI



Ongu Nesi wase Mvutshini Clinic nosebenza ngomphakathi eqwashisa intsha yase Nsingweni ngezidakamizwa ngomhlaka 08 December 2017

# EZASEGINGINDLOVU

Wawulokhu uqhubeke njalo umnkhankaso wokulwisana nokuhlukunyezwa kwabantu besifazane nezingane






Umphakathi waseGingindlovu ngomhlaka 13 December 2017 em-khankasweni we 16 Days of Activism

## Kuhle ukufika ekuseni emitholampilo ngoba ufunda izinto eziningi



Luningi ulwazi obuya nalo emtholampilo uma ufika ekuseni ngaphandle kokugula kwakho okuzele

